



كيفية صلاة النبي ﷺ

سماحة الشيخ عبد الله بن عبد العزيز بن باز رحمه الله

قام بترجمته إلى لغة الزولو

الشيخ عادل جعفر مولتشي

INDLELA YESWALA YESITHUNYWA ﷺ

ILOTSHWE YINZULULWAZI U:

ABDULAZIZI bin ABDULA bin BAZI

YAHUNYUSHWA NGESIZULU NGU:

ADIL MLOTSHWA

طبع على نفقة وصية خولة دخيل الجسار رحمها الله (دولة الكويت) بإشراف اتحاد علماء إفريقيا
IXHASWE NGUWASIYA KGAWLA DAGKILI AL-JASARI – (U ALLAH ABE
NOMUSA KUYE) – WASEKUWAYITI NGAPHANSI KWESO LESIGUNGU
SEZINZULULWAZI ZASE AFRIKA

2016/1437

Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu

Udumo ngoluka Allah Yena yedwa nezilokotho nokuthula kube esigqileni saKhe neSithunywa saKhe, uMembulelwa wethu uMuhamadi nomndeni wakhe nabalandeli bakhe. Sihlabele phambili:

Lana ngamazwi amafushane achaza ngendlela iSithunywa (ﷺ) esenze ngayo iSwala, engiwathula kuwo wonke amaMusilimu, awesilisa nawesifazane. Ukuze yilowo nalowo owafundayo akhone ukuzikhandla ekulandeleni iSithunywa (ﷺ) kulokho. Njengoba nje neSithunywa (ﷺ) sasho:

صَلُّوا كَمَا رَأَيْتُمُونِي أُصَلِّي

"Yenzani iSwala kanjengoba ningibone ngiyenza" [Bukhari (Adhani - 595), no Darimi (Swala) 1225]

Mfundi, ake sikuhlalusele lokho:

- (1) Wenza iWudu ephelele: ongukuyenza ngendlela u Allah ayalele ngayo, elandela amazwi aKhe Yena Ongcwele Ophakeme:

يَتَأَيُّهَا الَّذِينَ ءَامَنُوا إِذَا قُمْتُمْ إِلَى الصَّلَاةِ فَاغْسِلُوا وُجُوهَكُمْ وَأَيْدِيَكُمْ إِلَى

الْمَرَافِقِ وَامْسَحُوا بِرُءُوسِكُمْ وَأَرْجُلَكُمْ إِلَى الْكَعْبَيْنِ

"Nina enikholwayo uma seniyokwenza iSwala, gezani ubuso benu nezingalo zenu kufika ezindololwaneni bese nisula amakhanda enu bese (nigeza) izinyawo zenu kufika emaqakaleni" [Kurani 5:6]

Namazwi eSithunywa (ﷺ) mhla sithi:

لَا تُقْبَلُ صَلَاةٌ بِغَيْرِ طَهْوَرٍ

"Ayikho iSwala eyamukelwayo ngaphandle kwenhlanzeko"

[Musilimu (Tahara - 329), noTirimidhi (Tahara - 1)]

Namhla sitshela lowo owayengezi kahle iSwala yakhe sithi:

إِذَا قُمْتَ إِلَى الصَّلَاةِ فَاسْبِغْ الوُضُوءَ...

"Uma uyokwenza iSwala, yenza iWudu ephelele" [Bukhari

(isitidhani - 5782), (Ayimani waNudhuri - 6174); Abu Dawudi (Swala - 730); ibin Maja (Tahara waSunaniha -441)]

- (2) Ube esebhekisa ibombo kwiKibhila, iKabha phela, ngomzimba wakhe wonke, noma ngabe ukuphi nezwe; enze inhloso ngenhliziyo yakhe yokwenza iSwala ayifunayo kungaba ephoqelekile noma engaphoqelekanga. Akayiphimisi belu inhloso, ngoba ukuyiphisa akuvumelekile ngenxa yokuthi iSithunywa (ﷺ) asizange siyiphimise nhlobo inhloso kanjalo namaSahaba aso – u Allah athokoze ngawo.

Uzobeka isihonqo ngaphambi kwakhe enze iSwala ebheke kuso uma kunguye i-Imamu noma eyedwa. Kanti-ke ukubheka iKibhila kuwumbandela weSwala, ngaphandle kwezimo ezithile ezaziwayo ezichazwe kahle ezincwadini zezazi.

- (3) Uzokwenza itakibiri yokuqala athi: "Allahu Akbaru", amehlo akhe ethe njo lapho ezowela khona kuSujudi yakhe.
- (4) Lapho esho itakibiri uzophakamisa izandla zakhe ziqondane namahlombe akhe noma izindlebe zakhe.
- (5) Uzobeka izandla zakhe zombili esifubeni sakhe; esokudla ngaphezu kwesihlakala sakwesokunxele, njengoba lokho kwenziwa iSithunywa (ﷺ).
- (6) KuyiSuna ukuba afunde iDu'a yokuvula ethi:

اللَّهُمَّ بَاعِدْ بَيْنِي وَبَيْنَ خَطَايَايَ كَمَا بَاعَدْتَ بَيْنَ الْمَشْرِقِ وَالْمَغْرِبِ، اللَّهُمَّ نَقِّنِي مِنْ خَطَايَايَ كَمَا يُنَقَّى الثَّوْبُ الْأَبْيَضُ مِنَ الدَّنَسِ، اللَّهُمَّ اغْسِلْنِي مِنَ خَطَايَايَ بِالمَاءِ وَالتَّلْجِ وَالبَرَدِ.

"Allah, ngiqhelelanise nezimpambuko zami njengoba waqhelelanisa

impumalanga nentshonalanga; Allah ngikhuculule izimpambuko zami njengengubo emhlophe ekhucululwe insila. Allah ngihlanze izimpambuko zami ngamanzi nangesithwathwa nangeqhwa"

Uma ethanda engafunda enye kunaleyo, ethi:

سُبْحَانَكَ اللَّهُمَّ وَبِحَمْدِكَ وَتَبَارَكَ اسْمُكَ وَتَعَالَى جَدُّكَ وَلَا إِلَهَ غَيْرُكَ

"Ungcwele Wena Allah nangodumo lwaKho futhi iGama lakho malingcweliswe, ubukhulu baKho buphakame futhi akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kwaKho".

Noma engafunda amanye amaDu'a okuvula avela kuSithunywa (سُبْحَانَ), akunankinga. Okuyikona okungcono ukuba afunde lena kulokhu, afunde lena kulokhuya, ngoba lokho kungukulandela okuphelele. Emva kwalokho uzobe esethi:

أَعُوذُ بِاللَّهِ مِنَ الشَّيْطَانِ الرَّجِيمِ بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ

"Ngizivikela ngo Allah kuShayitani oqalekisiwe; Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu"

Emva kwalokho uzofunda iSura Fatiha, njengokuyalela kweSithunywa (سُبْحَانَ):

لَا صَلَاةَ لِمَنْ لَمْ يَقْرَأْ بِفَاتِحَةِ الْكِتَابِ

"Ayikho iSwala kulowo ongayifundanga iFatiha yeNcwadi (iKurani)" [Bukrari (Adhani - 714); Muslimu (Swala - 595); Tirmidhi (Swala - 230); Nasa'i

(iftitahi - 901)]

Uma eseyiphothulile (iFatiha) uzothi "Amin", eshelo phezulu kuSwala efundelwa phezulu; bese efunda akwaziyo kwiKurani.

- (7) Uzosho itakibiri aphakamise izandla ziqondane namahlombe noma izindlebe, bese egoba enze iRuku, ikhanda lakhe libe semgqeni nomhlane wakhe, agxavule amadolo akhe ngezandla zakhe agqagqelanise iminwe futhi azinze kuRuku yakhe angajahi, bese ethi:

سُبْحَانَ رَبِّيَ الْعَظِيمِ "Mayingcweliswe iNkosi yami Enkulu"

Okuyikona okungcono ukuba awaphinde kathathu [lamazwi] noma ngokuvile. Futhi kuyakhuthazwa ukuba angeze ngaphezu kwawo, lawa:

سُبْحَانَكَ اللَّهُمَّ رَبَّنَا وَبِحَمْدِكَ، اللَّهُمَّ اغْفِرْ لِي

"Mawungcweliswe Wena Allah Nkosi yethu, nangodumo lwaKho; Allah, ngithethelele"

- (8) Uzophakamisa ikhanda asuke kuRuku, aphakamise izandla zakhe ziqondane namahlombe akhe noma izindlebe zakhe athi:

سَمِعَ اللَّهُ لِمَنْ حَمِدَهُ "u Allah uyamuzwa lowo omdumisayo"

uma eyi-Imamu noma eyedwa; aphinde esamile athi:

رَبَّنَا وَلَكَ الْحَمْدُ حَمْدًا كَثِيرًا طَيِّبًا مُبَارَكًا فِيهِ مِلءُ السَّمَوَاتِ وَمِلءُ الْأَرْضِ

وَمِلءُ مَا بَيْنَهُمَا وَمِلءُ مَا شِئْتَ مِنْ شَيْءٍ بَعْدُ

"Nkosi yethu; udumo ngolwaKho, udumo oluningi olumsulwa olunezibusiso kulo; olugcwele amazulu nolugcwele umhlaba nolugcwele lokho okuphakathi kwakho nolugcwala lokho okuthanda nguWe emva kwalokho"

Lowo olandela i-Imamu yena usho lokhu okungenhla lapho ephakama kuRuku. Futhi kuyakhuthazwa kubo bonke - Imamu noyilandelayo - ukuba abeke izandla zakhe zombili esifubeni njengoba enzile ngesikhathi emile ngaphambi kweRuku; ngenxa yokutholakala kokufakazela lokho kuSithunywa (سُبْحَانَ), kumbiko kaWa'ili bin Hajari no Sahali bin Sa'adi - u Allah athokoze ngabo.

- (9) Uzokwenza itakibiri aye kuSujudi, ngokubeka amadolo kuqala kulandele izandla uma ekukhona lokho. Kepha uma kunzima, angaya ngezandla kuqala kulandele amadolo; izinzwane zakhe neminwe yakhe ihlangene kubheke eKibhila. Kumele enze iSujudi ngezitho zakhe eziyisikhombisa: ibunzi nekhala (ubuso), izandla

zombili, amadolo womabili nengaphakathi lezinzwane zezinyawozombili, bese ethi:

"Mayingcweliswe iNkosi yami Ephakeme" سُبْحَانَ رَبِّيَ الْأَعْلَى

Akusho lokho kathathu noma ngokuvile. Futhi kuyakhuthazwa ukuba angeze ngaphezu kwalokho:

سُبْحَانَكَ اللَّهُمَّ رَبَّنَا وَبِحَمْدِكَ، اللَّهُمَّ اغْفِرْ لِي

"Mawungcweliswe Allah, nangodumo lwaKho; Allah, ngithethelele"

Futhi enze iDu'a kakhulu, njengoba iSithunywa (ﷻ) sasho:

أَمَّا الرَّكُوعُ فَعَظِّمُوا فِيهِ الرَّبَّ وَأَمَّا السُّجُودُ فَاجْتَهِدُوا فِي الدُّعَاءِ فَقَمِنَ أَنْ يُسْتَجَابَ لَكُمْ

"KuRuku, babazani ubukhulu beNkosi kuyo, kuthi kuSujudi nizikhandle ekwenzeni iDu'a impela ningahle niphendulelwe"

[Musilimu (Swala - 738); Abu Dawudi (Swala - 742); Ahmadi (Musinadi Ashara Mubhashirina bil Jana - 1260), (Musinadi Bani Hashimu - 1801)

Kumele acele iNkosi yakhe okuhle emhlabeni nakwelizayo; kungaba kwiSwala ephoqelekile nengaphoqelekile. Futhi kumele aqhelise izingalo zakhe ezinhlangothini zakhe nesisu sakhe emathangeni akhe namathanga akhe emlenzeni yakhe aphinde aphakamise izingalo zakhe phansi; njengoba iSithunywa (ﷻ) sasho:

اعْتَدِلُوا فِي السُّجُودِ وَلَا يَبْسُطْ أَحَدُكُمْ ذِرَاعِيَهُ انْبِسَاطَ الْكَلْبِ

"Yenzani kahle iSujudi ninganabisi izingalo zenu okwenja"

[Bukhari (Adhani - 779); no Musilimu (Swala - 762); noNasa'i (Tatibiki - 1098)

- (10) Uzokwenza itakibiri aphakamise ikhanda lakhe; alalise unyawo lakhe lwakwesokunxele phansi ahlale phezu kwalo, amise elokwesokudla; uzobeka izandla zakhe phezu kwamathanga akhe namadolo akhe; bese ethi:

رَبِّ اغْفِرْ لِي وَارْحَمْنِي وَاهْدِنِي وَارْزُقْنِي وَغَافِرِي وَاجْبُرْنِي

"Nkosi yami ngithethelele, ungihawukele, ungihole, ungondle, ungiophephise, unginakekele"

Kumele ahlale azinze angajahi kulokhu kuhlala.

- (11) Uzokwenza itakibiri aye kuSujudi yesibili, enze lokho akwenze kweyokuqala.
(12) Uzokwenza itakibiri aphakamise ikhanda lakhe ahlale kancane, njengoba ebehleli phakathi kwaSujudi amabili, lokhu kubizwa ngejalisa isitiraha (ukuhlala khumu) futhi kuyakhuthazwa; kepha uma ekushiya akunankinga futhi akukho dhikiri noma idu'a eyenziwayo kukho. Uzobe usuyasukuma abambelele emadolweni uma ekhona kepha uma kunzima lokho uzobambeke phansi bese ema qingqo eseyokwenza irakati (ihlandla) lesibili. Uzobe-ke esefunda iSura Fatiha nakwaziyo kwiKurani emva kokufunda iFatiha. Uyobe usenza akwenzile kwirakati yokuqala.

- (13) Uma iSwala ingumbaxambili, okusho ukuthi inamarakati amabili, njenge Fajari neJuma ne-Idi; uzohlala emva kokubuya kuSujudi yesibili (kwirakati yesibili), aphakamise unyawo lakhe lakwesokudla alalise unyawo lakhe lwesokunxele; abeke isandla sakhe sokudla ethangeni lakhe lwesokudla, afumbe inqindi akhombe ngokhombisile. Uma efigqe ucikicane nothembisile esandleni sakhe ahlanganise uphakathile nesithupha enze indilinga bese akhombe ngokhombisile, nakho kuhle ngoba zombili lezi zindlela ziyafumaniseka kuSithunywa (ﷻ) futhi okuyikona okungcono ukuba enze lena kulokhu enze lena kulokhuya; bese isandla sakhe sobunxele sona asibeke ethangeni nasedolweni lakhe lesokunxele. Kulesi sigaba uzobe esefunda itashahhudi, athi:

التَّحِيَّاتُ لِلَّهِ وَالصَّلَاةُ وَالطَّيِّبَاتُ؛ السَّلَامُ عَلَيْكَ أَيُّهَا النَّبِيُّ وَرَحْمَةُ اللَّهِ وَبَرَكَاتُهُ؛
السَّلَامُ عَلَيْنَا وَعَلَى عِبَادِ اللَّهِ الصَّالِحِينَ؛ أَشْهَدُ أَنْ لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَأَشْهَدُ أَنَّ مُحَمَّدًا عَبْدُهُ وَرَسُولُهُ.

"Zonke izincomo ngezika Allah kanjalo nemikhuleko nezenzo ezinhle. Ukuthula makube kuwe Sithunywa nomusa ka Allah nezibusiso zaKhe. Ukuthula makube kithi nakuzigqila zika Allah eziqotho.

Ngiyafakaza ukuthi akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kuka Allah futhi ngiyafakaza ukuthi uMuhamadi uyisigqila saKhe neSithunywa saKhe"

Bese ethi:

اللَّهُمَّ صَلِّ عَلَى مُحَمَّدٍ وَعَلَى آلِ مُحَمَّدٍ كَمَا صَلَّيْتَ عَلَى إِبْرَاهِيمَ وَعَلَى آلِ إِبْرَاهِيمَ إِنَّكَ حَمِيدٌ مَجِيدٌ؛ وَبَارِكْ عَلَى مُحَمَّدٍ وَعَلَى آلِ مُحَمَّدٍ كَمَا بَارَكْتَ عَلَى إِبْرَاهِيمَ وَعَلَى آلِ إِبْرَاهِيمَ إِنَّكَ حَمِيدٌ مَجِيدٌ.

"Allah, thumela izilokotho kuMuhamadi nase mndenini kaMuhamadi, njengoba wathumela izilokotho ku Ibhira himu nase mndenini ka Ibhira himu, impela Wena Ungodun yiswayo Ohloniphekile. Futhi busisa uMuhamadi nomndeni kaMuhamadi, njengoba wabusisa u Ibhira himu nomndeni ka Ibhira himu, impela Wena Ungodun yiswayo Ohloniphekile"

Bese ecela ukuvikelwa ngu Allah ezintweni ezine, athi:

اللَّهُمَّ إِنِّي أَعُوذُ بِكَ مِنْ عَذَابِ جَهَنَّمَ وَمِنْ عَذَابِ الْقَبْرِ وَمِنْ فِتْنَةِ الْمَحْيَا وَالْمَمَاتِ وَمِنْ فِتْنَةِ الْمَسِيحِ الدَّجَالِ.

"Allah ngizivikela ngaWe esije zisweni saseJahanamu nasesije zisweni sase thuneni nasesivivinyweni sokuphila nokufa, nasesivivinyweni sikaMasihi uDajali".

Emva kwalokho esengenza idu'a yalokho akufunayo kokuhle emhlabeni nakwelizayo. Uma ekhulekela abazali bakhe nabanye abakholwayo, akunankinga noma kungaba kwiSwala ephoqelekile noma engaphoqelekile. Njengoba amazwi eSithunywa (ﷺ) engakhethi phela, kumbiko ka *ibin Masudi* mhla simfundisa *itashahhudi*, sathi:

ثُمَّ لِيَتَخَيَّرَ مِنَ الدُّعَاءِ أَعْجَبَهُ إِلَيْهِ فَيَدْعُو. وَفِي لَفْظٍ آخَرَ: ثُمَّ لِيَتَخَيَّرَ بَعْدَ مِنَ الْمَسْأَلَةِ مَا شَاءَ

"uyobe-ke esekhetha leyo du'a emhlabu umxhwele, bese ekhuleka", komunye umbiko uthi: "uyobe-ke esekhetha emva kwalokho afuna ukukucela"

Lokhu kwengamele konke lokhu okuwusizo kusigqila emhlabeni nakwelizayo. Emva kwalokho uzokwenza *itasilimu* ngakwesokudla nangakwesokunxele athi:

السَّلَامُ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَةُ اللَّهِ

- (14) Uma *iSwala inamarakati* amathathu, njenge *Maghiribi* noma amane njenge *Duhuri* ne *Asari* ne *Isha*, uzofunda *itashahhudi* ebalulwe ngenhla kanye nezilokotho kuSithunywa (ﷺ); uzobe useyasukuma abambelele emadolweni, aphakamise izandla zakhe ziqondane namahlombe akhe, athi: "*Allahu Akbaru*", bese ezibeka phezu kwesifuba sakhe njengoba besekubaluliwe ngenhla; afunde *iSura Fatiha* kuphela. Uma efunda okuvile *kuFatiha kwirakati* yesithathu neyesine *kwiDuhuri*, akunankinga, ngoba kuyatholakala okukhomba lokho kuSithunywa (ﷺ) embikweni ka *Abu Sa'idi* (رضي الله عنه).

Uma eyekela ukudlulisa izilokotho kuSithunywa (ﷺ) emva *kwetashahhudi*, akunankinga, ngoba kuyinto ekhuthaziwe nje kuphela ayiphoqelekile *kwitashahhudi* yokuqala.

Uzokwenza *itashahhudi* ekugcineni *kwirakati* lesithathu *kwiMaghiribi* nasekugcineni kwelesine *kwiDuhuri* ne *Asari* ne *Isha*, kanjengoba besekudlulile *kwiSwala enamarakati* amabili; emva kwalokho uzokwenza *itasilimu* ngakwesokudla nangakwesokunxele.

Uzobe esenza *i-isitighifaru* (ukucela intethelelo) ku Allah kathathu, bese ethi:

اللَّهُمَّ أَنْتَ السَّلَامُ وَمِنْكَ السَّلَامُ تَبَارَكْتَ يَا ذَا الْجَلَالِ وَالْإِكْرَامِ، لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَحْدَهُ لَا شَرِيكَ لَهُ، لَهُ الْمُلْكُ وَلَهُ الْحَمْدُ وَهُوَ عَلَى كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ، لَا حَوْلَ وَلَا قُوَّةَ إِلَّا بِاللَّهِ، اللَّهُمَّ لَا مَانِعَ لِمَا أَعْطَيْتَ وَلَا مُعْطِيٍّ لِمَا مَنَعْتَ وَلَا يَنْفَعُ ذَا الْجَدِّ مِنْكَ الْجَدُّ، لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَلَا نَعْبُدُ إِلَّا إِيَّاهُ لَهُ التَّعَمُّهُ وَلَهُ الْفَضْلُ وَلَهُ التَّنَاءُ

الْحَسَنُ، لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ مُخْلِصِينَ لَهُ الدِّينَ وَلَوْ كَرِهَ الْكَافِرُونَ

"Allah, Wena Wukuthula futhi ukuthula kuvela kuWe; ungwele Wena Onobukhulu neZibusiso. Akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kuka Allah Yena yedwa vo, akanamlingani, ubukhosi bungobaKhe nodumo lungolwaKhe futhi akehlulwa yilutho. Awekho amandla okwenza okuhle nawokugwema okubi ngaphandle kuka Allah. Allah akekho ongavimba lokho okuphayo futhi akekho ongaphana ngalokho okuwimbile futhi lowo ocebile, ingcebo yakhe angeke imsize ngalutho kuWe. Akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kuka Allah futhi asikhonzi lutho ngaphandle kwaKhe, izibusiso ngezaKhe nomusa ungowaKhe futhi izincomo ezinhle zingezaKhe. Akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kuka Allah, ngenkolo emsulwa noma abangakholwa bengathandi"

Futhi uzokwenza itasibihi (subuhana Allah) amahlandla anga-33 kanjalo netahimidi (alhamdu lillahi) netakibiri (Allahu akbaru) ngokufanayo, beselapho uma esephelelisa ikhulu athi:

لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَحْدَهُ لَا شَرِيكَ لَهُ، لَهُ الْمُلْكُ وَلَهُ الْحَمْدُ وَهُوَ عَلَى كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ
"Akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kuka Allah Yena yedwa vo, akanamlingani, ubukhosi bungobaKhe nodumo lungolwaKhe futhi akehlulwa yilutho"

Uzobe esefunda i-ayatu alkursi nesura Ikgilasi neFalaki neNasi emva kokuphothula leyo naleyo Swala. Futhi kuyakhuthazwa ukuba awaphinde kathathu lamasura emva kokuphothula iFajari neMaghiribi, ngenxa yamahaditi abika ngakho kusukela kuSithunywa (ﷺ). Futhi wonke lama adhikari ayisuna awaphoqelekile.

Futhi wonke amaMusilimu, awesilisa nawesifazane ayakhuthazwa ukuba enze amarakati amane ngaphambi kweDhuhuri namabili emva kwayo, nasemva kweMaghiribi amabili nasemva kwe Isha amabili nangaphambi kweFajari amabili; uma esephelele ayishumi nambili (12). Lamarakati abizwa ngamaRawatibu, Ngoba iSithunywa (ﷺ) sasiqikelela ukuba angasiphuthi uma sisekhaya. Kepha uma sisohambeni wayewashiya ngaphandle kwalawa weFajari kanjalo neWitiri; impela wakuqikelela ukuba kungamphuthi esekhaya noma ohambeni. Okuyikona okungcono ukuba awenzele ekhaya lamaRawatibu neWitiri; kepha uma ewenzela eMasijidi, akunankinga, njengoba iSithunywa (ﷺ) sathi:

أَفْضَلُ الصَّلَاةِ صَلَاةُ الْمَرْءِ فِي بَيْتِهِ إِلَّا الْمَكْتُوبَةَ

"iSwala engcono, iSwala yomuntu ayenzela endlini yakhe ngaphandlelwe kwephoqelekile" [Bukhari (Adhani - 689) ngalamagama; Musilimu

(Swalatu Musafiru - 1301); Tirmidhi (Swala - 412)]

Kanti-ke ukuqikelela ukungaphuthwa yilamarakati kungenye yezindlela zokungena eJana, njengoba iSithunywa (ﷺ) sasho:

مَنْ صَلَّى اثْنَتَيْ عَشْرَةَ رَكْعَةً فِي يَوْمِهِ وَلَيْلَتِهِ تَطُوعًا، بَنَى اللَّهُ لَهُ بَيْتًا فِي الْجَنَّةِ
"Lowo owenza amarakati ayishumi nambili (12) emini nasebusuku angaphoqelekile; u Allah uzomakhela indlu eJana" [Musilimu (Swalatu Musafiru - 1198, 1199); Abu Dawudi (Swala 1059); Nasa'i

(Kiyamulayili wa tatwawu' nahhari - 1773)]

Uma enza amarakati amane ngaphambi kwe Asari namabili ngaphambi kweMaghiribi namabili ngaphambi kwe Isha, kuyinto enhle leyo, ngoba kuqinisekisiwe kuSithunywa (ﷺ) okufakazela lokho.

Uma enza amarakati amane emva kweDhuhuri namane ngaphambi kwayo, nakho kuyancomeka, njengoba iSithunywa sasho:

مَنْ حَافَظَ عَلَى أَرْبَعِ رَكَعَاتٍ قَبْلَ الظُّهْرِ وَأَرْبَعِ بَعْدَهَا، حَرَّمَ اللَّهُ عَلَى النَّارِ
"Lowo oqikelela ukwenza amarakati amane angamphuthi ngaphambi kweDhuhuri namane emva kwawo; u Allah uzowunqabela uMilo kuye" [Tirmidhi (Swala - 393); Abu Dawudi (Swala - 1077);

Ahmadi (Baki musinadi aniswari - 25547)]

Aqoshwe ngu *Ahmadi nabamaSunani* ngombiko oqonisekisiwe ka *Umu Habiba* – u Allah athokoze ngaye. Kuchaza ukuthi uzokwengeza *amarakati* amabili kulawo *ayiratiba* emva *kweDhuhuri*, ngoba *amaRawatibi amarakati* amane ngaphambi *kweDhuhuri* namabili emva kwayo. Ngakho-ke uma engeza *amarakati* amabili emva kwayo, uyobe usehambise ngalokhu okubalulwe kumbiko ka *Umu Habiba* – u Allah athokoze ngaye.

U Allah asiphe amandla, futhi u Allah athumele izilokotho nokuthula kuMembulelwa wethu uMuhamadi ka Abdula nase mndenini wakhe nabalandeli bakhe nalabo abamlandela ngokuhle kuze kufike uSuku lokwaHlulela.

Usonhloko jikelele wezocwaningo lezolwazi nokuyalela nokumema nokweluleka
Abdul Azizi bin Abdula bin Bazi